**Umsebenzi 1**

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ezolandela ekhasini elilandelayo.

## Vakash' Ufunde

Inkampani yakwaVakash' Ufunde isiza izikole ezifuna ukuhambisa abafundi bazo ezindaweni ezahlukene ngenhloso yokuba kube khona abakufundayo.

Sineminyaka engaphezu kwengamashumi amabili sisebenzisana nezikole ukuhlela ukuvakasha okuhambisana nezemfundo. Siyakwazi okusebenzayo uma kuziwa emfundweni yangaphandle kwasekilasini.

Singakusiza ngokukuhlelela uhambo nabafundi bakho abaphakathi kweminyaka eyi-10 kuya kweyi-18 lokuya noma kuphi. Asigcini ngokuhlela ukuvakasha okuqondene nezifundo zasekilasini kuphela. Silungisela abafundi izinhlelo zokuphuma eziqondene namakhono okuxazulula izinkinga kanye nezobuholi.

Ukuphepha kuhamba phambili ngakho senza isiqiniseko sokuthi sisebenzisana nezinkampani ezisemthethweni ngakho sisebenzisa amahhotela, amahhositela, amabhasi kanye namabhanoyi abhalisiwe futhi ahambisana nemigomo engaphansi komthetho wezokuvakasha nokungcebeleka umhlaba wonke. Zonke izindawo esihambisa abafundi kuzo ziphephile.

Ubudlelwano obuhle esinabo nezinkampani buqinisekisa ukuthi sithole amanani aphansi ezithuthi, nezindawo zokuhlala kanye nemali yokungena ezindaweni ezisuke zivakashelwe. Lokhu kwenza ukuthi ukwazi ukuhamba nabafundi bakho ngemali ephansi kwaleyo obuzoyikhokha ukuba ubuzihlelele wena.

KwaVakash' Ufunde siyayithanda imfundo kanye nezemvelo. Bonke abasebenza nathi baneminyaka eminingi benza lo msebenzi wokuphuma nezikole. Ngakho ungasethemba.

**Ngeminye imininingwane sithinte kule nombolo yocingo: 091 818120 ukuze ukhulume nathi ngokushesha. Ungathanda ikhasi lethu ku-Facebook noma usilandele ku-Twitter. Ungangena naku webpage lethu ushiye imininingwane yakho ku-www.vuedu.org.cz sizobe sesikuthinta ngakusasa.**



https://xtremepape.rs/

1 Siqondiswe kobani lesi sikhangiso?

............................................................................................................................................ [1]

2 Le nkampani inaso yini isipiliyoni sokuhlela uhambo lwezemfundo?

............................................................................................................................................ [1]

3 Yiziphi izindawo abangakuhlelela uhambo kuzo?

............................................................................................................................................ [1]

4 Bhala ezinye izinhlelo **ezimbili** abangakulungisela zona ezingaqondene ngqo nezifundo zasekilasini.

..................................................................................................................................................

............................................................................................................................................ [2]

5 Kungani le nkampani isebenzisana nezinkampani ezisemthethweni?

............................................................................................................................................ [1]

6 Bayigcina kanjani incane imali abakubiza yona?

............................................................................................................................................ [1]

7 Iyiphi indlela ongaxhumana ngayo nabakwaVakash' Ufunde uma udinga ukukhuluma nabo ngaleso sikhathi.

............................................................................................................................................ [1]

[Amamaki: 8]



https://xtremepape.rs/

**Umsebenzi 2**

Funda ngezansi bese wenza umsebenzi ekhasini elilandelayo.

UDalingcebo Masuku ngumfana oneminyaka eyi-16. Ufunda e-St Paul's College esedolobheni lasePitoli. Isikole siku-101 Mbombela Street, Pretoria, 4301 kanti inombolo yocingo yona ithi, 012 435 1000. UDalingcebo ungumfana othanda ukukhuluma phambi kwabantu. Esikoleni sakhe ungusihlalo weqembu labakhuluma esidlangalaleni kanti uphinde futhi abe yingxenye yeqembu lenkulumo-mpikiswano noma khona engakukhonzile kangako. Uthanda ukulungisa inkulumo azoyethula kunokuphikisana nabanye ngemibono. Useneminyaka eminingi impela enza lezi zinto zombili futhi usewine imincintiswano emithathu edolobheni langakubo esigabeni sabangaphansi kweminyaka eyi-17.

UDalingcebo uhlala nabazali bakhe kanye nodadewabo oyedwa. Omunye udadewabo omdala, u-Ayanda, usebenza eKapa futhi unefulethi elinamakamelo amabili khona edolobheni. Ifulethi lakhe lisenombolo-23 Palace Street. UDalingcebo uhlala naye uma eseKapa. UDalingcebo uneselula, inombolo yakhe ithi-090 676 2983. Iselula yakhe isayolungiswa ngoba iwile ngeviki eledlule. Inombolo yocingo lwasekhaya yona ithi, 012 434 0552. Umama kaDalingcebo unguthisha esikoleni esifunda indodana yakhe.

Uthisha kaDalingcebo, uNkosikazi Thobela, uhlale emqeqesha futhi emsiza ngokulalela izinkulumo zakhe asuke ezilungiselele. Phela naye uNkosikazi Thobela wayekwenza lokhu ebusheni bakhe waze wayomela izwe emncintiswaneni wamazwe ase-Afrika eneminyaka eyi-16. Lokhu kuyamkhuthaza kakhulu uDalingcebo ngoba naye ufisa ukufika kulelo zinga.

UDalingcebo ubone lesi sikhangiso somncintiswano ozobe useKapa.

**Umncintiswano wamakhono okukhuluma**

Indawo: Ehholo ledoloba laseKapa

Usuku: 29 kuNovemba 2019

Isikathi: kuyoqalwa ngehora lesi-9 ekuseni

Kuyobe kunemikhakha ehlukene yebuciko bokukhuluma.

Ukungenela, gcwalisa ifomu bese ulithumela engakashayi umhla zingama-20 kuJulayi 2019.

Eminye imininingwane:

- Udinga ukuba ngaphansi kweminyaka engama-21 ubudala
- indawo yokulala iyohlelelwa abaphuma kwamanye amadolobha akude
- imali yokungenela: R100 uma ungeke udinge indawo yokulala, bese kuthi abandinga nendawo kuyomele bafake R150 ngaphezulu.



https://xtremepape.rs/

8 Zicabange unguDalingcebo futhi ugcwalisa leli fomu elilandelayo.

## Umncintiswano wamakhono okukhuluma

Igama nesibongo: Dalingcebo Masuku

Iminyaka: 16

Igama lesikole: St Paul's College

Ikheli lesikole:

........................................................................................................................ [1]

Idolobha: EPitoli

Indlela esingakuthinta ngayo kalula:

........................................................................................................................ [1]

Igama kanye nobudlelwane phakathi kwakho nomuntu ozohlala naye:

........................................................................................................................ [1]

Ikheli lendawo ozohlala kuyo:

........................................................................................................................ [1]

Isigaba somncintiswano osingenelayo

Inkulumo elungiselelwe ☐ inkulumo engalungiselelwe ☐ [1]

Imali oyikhokhile ebhange:

........................................................................................................................ [1]

Isipiliyoni somncintiswano:

........................................................................................................................ [1]

Uma unaye umqeqeshi, ungafaka imininingwane yakhe:

..............................................................................................................................

........................................................................................................................ [2]

[Amamaki: 9]



https://xtremepape.rs/

## Umsebenzi 3

Funda lesi siqephu esilandelayo esikhuluma ngobuchwepheshe bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

Kuyiqiniso esingeke saliphikisa ukuthi siphila esikhathini sobuchwepheshe besimanje. Ungathola lonke ulwazi oludingayo ngokucofa ibhathini, yingakho abantu behlala bephethe omakhalekhukhwini, ama-tablet nanoma yikuphi okunye okusebenza ngobuchwepheshe besimanje. Impilo seyilula kakhulu manje. Isibonelo salokhu ukuthi siyakwazi ukuxhumana nabantu umhlaba wonke. Akukhathaleki ukuthi bakude kangakanani. Ukusebenzisa ubuchwepheshe besimanje kuyasisiza ukonga isikhathi. Siningi isikhathi ebesingasichitha emgwaqeni kodwa manje siyasonga ngokuthenga sihleli emakhaya. Kuningi okunye esingakwenza sizihlalele emakhaya noma sihleli edesikini emsebenzini.

Kukhona izinto eziningi ezinhle uma kuza kwezobuchwepheshe. Buningi futhi nobungozi abantu abangangena kubo uma bengaqwashisiwe. Abantu abasha bathanda kakhulu izinkundla zokuxhumana. Kubalulekile ukuqaphela ukuthi uzisebenzisa kanjani lezi zinkundla uma usukhethe ukungena kuzo. Kumele wazi ukuthi yini eyamukelekile nelungile kanye nengalungile uma ukulezi zinkundla. Okokuqala ukuthi ungabamukeli abantu ongabazi ukuba babe ngabangani bakho kulezi zinkundla zokuxhumana ngoba bangakukhohlisa ngokuthi baziveze njengabantu abangesiyibo uqobo lwabo. Bangaqamba amanga ngeminyaka yabo futhi babe nezinhloso ezimbi abafuna ukuzifeza. Kuphephile ukuxoxa nabantu obaziyo. Phela kunabantu abahlukumezanayo nabayiziqhwaga ezinkundleni zokuxhumana.

Kumele futhi uqaphele ukuthi yini oyibhalayo noma oyishoyo kwabanye kulezi zinkundla. Ngoba kulula ukuzithola ususenkingeni. Omunye angasho izinto ngomunye angeke akwazi ukuzisho ebusweni bakhe uma sebebonana. Lokhu akukuhle. Okokugcina, kuhle ucabangisise ngaphambi kokufaka izithombe ezinkundleni zokuxhumana. Kulukhuni ukuzisusa izithombe uma sezisabalele ezinkundleni zokuxhumana. Ezinye izinkampani ngaphambi kokuba zikuqashe zingabheka ukuthi uvela njengomuntu onjani ezinkundleni zokuxhumana. Lokhu kungaba nomthelela ekutheni uyawuthola yini noma awuwutholi umsebenzi ofake isicelo sawo.

Enye yezinto engiziqaphelile ukuthi abantu abayivikeli imininingwane yabo ezinkundleni zokuxhumana. Zonke izinkundla zokuxhumana zinezinhlelo zokuvikela ukuthi yini engabonwa abanye abantu mayelana nawe kodwa kumele ukuthi wena ukukhethe ofisa bakubone. Imininingwane efana nekheli lakho kanye nenombolo yakho yocingo akufanele ibonwe yiwona wonke umuntu ngakho-ke kugcine lokhu kufihlekile. Bantu abasha, ngiyazi ukuthi angeke kube lula ngaso sonke isikhathi kodwa, kubalulekile ukuthi nabazali benu nibazise ukuthi yini eniyenzayo ezinkundleni zokuxhumana nakuyo nje i-intanethi. Noma abantu abadala bangaba nolwazi oluncane ngobuchwephese kodwa bayakwazi ukushesha ukubona uma kukhona into engahambi kahle nengaba yingozi. Abazali bakho bangakubekela imithetho okumele uyilandele kodwa khumbula ukuthi basuke besiza wena befuna uvikeleke.

Ubuchwepheshe buza nezinto ezizosiza izimpilo zethu. Masiwasebenzise wonke amathuba esiwalethelwa ezobuchwepheshe. Noma kunjalo, kolunye uhlangothi simelwe ukuqinisekisa ukuthi impilo yethu ayidluli phambi kwethu noma yonakale ngenxa yobuchwepheshe.



https://xtremepape.rs/

Wena ubuhambele le nkulumo futhi wathatha namanothi ofisa ukuwanika abangani bakho ngalokho okufundile.

Gcwalisa ngamaphuzu afanele ngaphansi kwezihlokwana ozinikeziwe ngezansi. Impendulo yokuqala ufakeliwe njengesibonelo.

**9** Ubuhle bezobuchwepheshe …

- sithola ulwazi esiludingayo kalula
- .................................................................................................................. [1]
- .................................................................................................................. [1]

**10** Izinto okumele uziqaphele uma usebenzisa izinkundla zokuxhumana:

- .................................................................................................................. [1]
- .................................................................................................................. [1]
- .................................................................................................................. [1]
- .................................................................................................................. [1]

**11** Isidingo sokuthi abantu abasha bazise abazali ngabakwenzayo kwezobuchwephese:

- .................................................................................................................. [1]
- .................................................................................................................. [1]

[Amamaki: 8]



https://xtremepape.rs/

**Umsebenzi 5**

**13** Esikoleni sakho kuzoba nomcimbi wabafundi bebanga leshumi nambili. Umfundi kumele afike nophathini. Ucabange ukucela umngane wakho ofunda kwesinye isikole ukuba abe nguphathini wakho ngalolu suku.

Mbhalele incwadi umcele ukuba ahambe nawe ngalobu busuku. Encwadini yakho ungabhala okulandelayo:

- Mtshele isizathu sokukhetha yena
- Mazise ukuthi umcimbi unini
- Mazise ngendlela yokugqoka nazokudinga
- Mtshele azokuthanda ngalo mcimbi

incwadi yakho kumele ibe ngamagama ayi-150 kuya kwangama-200 ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

....................................................................................................................................................

© UCLES 2019


https://xtremepape.rs/

## Umsebenzi 6

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ukujabulela lokho onakho nezinto abanye abantu abakwenzela zona kunomthelela omkhulu nomuhle empilweni yakho. Kubalulekile sizijwayeze ukubonga kunokucela njalo.

Abantwana abangafundanga ukubonga bayahlupha ngoba abaziphathi kahle uma bengakutholi abakufunayo. Lokhu kuvamise kakhulu kulabo abaneminyaka emihlanu kuya phansi. Nendodana yami, uZibuyile, seyineminyaka emithathu ngabona ukuthi seyikulungele ukufundiswa ukubonga.

Saqala ngokusebenzisa amagama okubonga ekhaya. Ngafundiswa ukuthi ukubonga kuyahambisana nenhlonipho. Ukubonga kuyinto umntwana angafundiswa yona aze afike ezingeni lapho ekuqonda ukuthi kusho ukuthini. UZibuyile wayethanda ukwenza yonke into njengami. Ngase ngibona ukuthi abantwana bafunda ngokubuka indlela abanye abenza ngayo. Njengabantu abadala nabazali, kumele sibe yizibonelo ezinhle kubo. Lokhu kwangenza ukuthi ngisho ukuthi ngiyabonga kuye uma kukhona engikuthandayo akwenzayo. Angigcinanga lapho, kodwa bengenza isiqiniseko sokubonga nabanye abantu ngokuhle abakwenzayo. Konke lokhu ngangikwenza phambi kwakhe umfana wami ukuze afunde ukubonga.

Sacabanga njengomndeni ukuthi kwakuzosiza uZibuyile uma siba yingxenye yomsebenzi wokusiza abahluphekayo. Ngenxa yalokhu, eseneminyaka eyisithupha, uZibuyile waqala wabona ukuthi kuningi kangakanani anakho futhi okufanele akubonge empilweni yakhe. Akugcinanga nje lapho, kodwa lesi senzo samsiza futhi ukuthi afunde ukucabanga ngabanye abantu kanye nokupha labo abaswele.

Enye yezindlela zokukhuthaza abantwana ukuze bajwayele ukubonga ukukwenza lokhu kube samdlalo. Isibonelo, umuntu ngamunye angasho akubongayo ngosuku lwakhe ngaphambi kokuhlala phansi etafuleni. Kungenzeka abantwana baqale ngokubonga izinto eziphathekayo kodwa ngokuhamba kwesikhathi bazohamba babone ukuthi kuningi okunye abangakubonga ezimpilweni zabo. Lokhu sisaqhubeka nokukwenza noma esemdala uZibuyile.

Hamba nabantwana bakho uma uyothengela abanye izipho. Ungabacela abantwana ukuba bakuphe amacebo ezipho ezingafanela labo obathengelayo. Bacele futhi bakusize lapho usugoqa isipho leso. Okunye futhi ukuthi ucele kube yibo abahambisa isipho kulo okusuke kungesakhe.

Abantwana bajwayele ukusicela njengabazali ukuba sibathengele amathoyizi nezinye izinto zokudlala. Uma sibanika konke abakucelayo sibafundisa ukubhekana nokuphoxeka futhi bakujabulele lokho abanakho. Akumele futhi sibajwayeze izipho ezibiza kakhulu njalo uma begubha usuku lokuzalwa noma kuyisikhathi sikakhisimusi.

Kumele sikhumbule ukuthi abantwana bafunda ngokubukela kithi esibadala. Masiqaphele ukuthi yini le esiyijahayo empilweni ngoba nabo bazokhula bajahe yona. Siphila esikhathini lapho abantu bekholelwa ukuthi kufanele njalo kube khona okusha abakuthengayo ukuze bajabule. Lokhu kungenza nabantwana bazibone benelungelo lokuthengelwa izinto ezintsha nezingcono nezinkulu ngaso sonke isikhathi. Ingozi yalokhu ukuthi bangagcina bengakwazi ukwaneliseka nokujabulela lokho abanakho. Kungumsebenzi wethu njengabazali ukufundisa abantwana bethu ukuthi iyini injabulo yangempela kahle kahle.



https://xtremepape.rs/

**14** Ungambona ngani umntwana ongafundiswanga ukubonga?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**15** Umbhali waqaphela nini ukuthi uZibuyile uselungele ukufundiswa ngokubonga?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**16** Wabona kanjani umbhali ukuthi abantwana bafunda ngokubuka abanye?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**17** Kwakuyini inhloso yokubonga uZibuyile ume enze into ethandwa ngubaba wakhe?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**18** Yikuphi okwafundisa uZibuyile ukucabanga nokupha abanye?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**19** Umndeni ungamkhuthaza kanjani umntwana ukuba ajwayele ukubonga?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**20** Kuhle ngani ukungamniki umntwana konke akucelayo?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [2]



https://xtremepape.rs/

## Umsebenzi 7

**23** Umphathidolobha ufuna ukuthi bonke abantu basebenzise amabhayisekili ukuya emsebenzini nasezikoleni phakathi neviki ngenxa yokuminyana kwezimoto okuba khona.

Bhala inkulumo ozoyethula kumphathidolobha.

Nansi imibono ehlukene abantu abanayo:

- Lokhu kuzokonga imali kaphethiloli
- Akusibo bonke abantu abakwazi ukugibela amabhayisekile
- Kuzoba yindlela yokuvocavoca nemizimba yethu
- Kuzothatha imali eningi ukwakha indlela yabahamba ngamabhayisekili
- Kuzokwehlisa nokungcola komoya esiwuphefumulayo
- Sizokhokhela izimoto esingazisebenzisi

Imibono engenhla ingakunika amasu okwenza lo msebenzi kodwa uvumelekile ukusebenzisa eyakho imibono.

kumele ube ngamagama angama-200 kuya kwangama-250 ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.
Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................

.................................................................................................................................................



https://xtremepape.rs/

